Ilanga lase Natal, 25 April 1919.

| | |
|---|---|
| NEWSPAPER: | *Ilanga lase Natal* |
| DATE: | 25 April 1919 [continuing from the article of 18 April 1919] |

LEGEND:
[ ? ] incomplete, illegible word(s)
[ ] notes and words by transcriber

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.

# Ukuhlasela kwabelungu kwaZulu ngo 1879

## UKUQALA KOKUHLUPEKA

Ngaloko izinsizwa azabe zisavuma ukusiyisa enkantolo. Loko-ke kwaba icala, inkosi uNdabinesilevu wakubika lapa komkulu. Kwasekutunyelwa kubizwa uLangalibalele. Kepa wadonda ukuza kuHulumeni esaba ngendaba eyake yamvelela nga'mdhla umfowabo omkulu uDhlomo ebizwa nguDingane kwaZulu, wafika wabulawa. Wesaba uLangalibalele eti "Ngibizelwani, loku umfowetu wabizwa qede eMgu'ndhlovu wafika wambulala uDingane? Po, futi loku isibhamu lesi sitengwa ngababafana kubo abelungu, mina ngisendabeni? Ute uba abizwe futi, engasukumi ngokokugcina kwatunywa uMahoiza kaMlandu wakwaMkize, induna kaNgose, (owasala ukumuka kuka Ngose ese eyakwaka kwelinga petsheya kwoTukela elali elika Matshana wakwa Sitole). Po-ke uMahoiza lowo wabe ngumuntu ovame amanga kakulu. Wati uba afinyelele kuLangalibalele, kwati ukuba bakulume [?] beti uyifunelani inkosi yakubo, wasekuluma namazwi amanga okuti babemfanisa nokuti keme abhekane nelanga njengamadoda nesifazana. Kwati ngoba amaHlubi eti kakumule ijazi aligqokileyo wati uhlutshulwe bhwe izingubo wanquniswa, wema bunqunu. Kepa amaHlubi ayete 'Wena ufuna ukukuluma nenkosi uyibone nje upeteni lapa ejazini lako? Bekumbula indaba abake bayibona yenziwa nguMr. John Shepstone mdhla edubula uMatshana, efuna ukumbamba. Loko-ke uMahoiza wakuguqula wakwenza ukunquniswa ngenxa yokuba esembulale nya uLangalibalele. Watukutela-ke uHulumeni wafaka impi yaya kubamba uLangalibalele. Nangoke eti lapa es'eqa ebaleka [3 words not clear] yinduna uMabhudhla [?] ulandela inkosi yawo. [?] yamaCarbineers ifika kuso, sebelambile abelungu bebona izinsizwa ziquba izinkomo, bayidumela enye kuzo bayidubula yafa. Bate lapa beqeda ukuti bayayihlinza, satsha [?] sikaMabhudhla; kwawa abantu abahlanu; yabe isiyahlehla njalo eyamaCarbineers. Kunjalo njalo inkosi ikwele uNdi ngaitangi yadundubala yaqonda oSutu kwelika Moshweshwe kaMokhashana, inkosi yakwa Ngwenya. Kulapo-ke lapa uLangalibalele abanjelwa kona eseyengwe ngumngane wake uMolapo kaMoshweshwe. Wehliswa-ke uLangalibalele waletwa lapa eMgu'ndhlovu. Kulapo-ke lapa yavuka kona "Indhlondhlo emehlo'ma[mane?] yas'Ekukanyeni, uMapilipili enjengezulu lihloma o'ndaba zifika kuqala petsheya, uMatshetsh' afike eNgilande." Wavuka impela engaboni ukuti konje uLangalibalele ubulawa nje wonenin loku ubezibalekela. Njena. Aqamuka-ke law'amanga kaMahoiza kaMlandu. Kwati noma uSobantu etshweleza kakulu ngokungakaya uSir Benjamin Pine owabe nguHulumeni waseNatal kuleyo nkati wadhlula wambopa

okaMtimkulu, wamuyisa esiqingini saseRobben Island, lapo kwakubotshelwe kona inkose yasemaXoseni uMaqoma ngeminyaka etile edhlulileyo. Uzwani-ke kwabe kute uba kuzwakale enkosini kwaZulu ukuti uLangalibalele utole icala elingako yatuma isigijimi lapa kuSomseu kaSonzica, yacela ukuba okaMtimkulu axotshelwe kwaZulu. Yabuza futi ukuti "Hau uBaba weza lapa ezongibekea, wafika wanqumisela ukuti mabangabulawa abantu, ngamlalela; kepa wati efika ekaya wayedhlula ngezinyawo eyakubulala uLangalibalele na? Kunjani pela, loku wati akungacitwa ingazi, yacitwa nguye ngingakayiciti mina engangizoyalwa nguye? Kanti kunjani na?" Noko lawo mazwi amahle kangako kawalalelanga okaSonzica, wadhlula wayise'mpisini, nembala wabotshwa okaMtimkulu wabotshwa pezu kwamazwi amaningi kaSobantu okumbuzela naokumtshwelezela komkulu, okwabanga ukuba uSobantu atukutele waze way kumbuzela kona petsheya. Lapo-ke wawela umfo kaSonzica, esebizwa kona petsheya ngayo leyo Ndaba. Yase ilandela nayo iNdhlondhlo yas'Ekukanyeni yaya kona Undunankulu uLord Carnarvon wamlahla uSomtseu wavumela uSobantu engaliboni naye icala abotshelwe lona uLangalibaleel. Kwasokuvuka abelungu balapa eNatal beti kwoti mdhla uLangalibalele ebuyiswayo badubule umkumbi omtweleyo, ufe. Ngaloko uKwini wab'eseti, uLangalibalele kafunelwe indhlu enhle kona eCapetown, akululwe kodwa esiqingini eRobben Island. Wahlala kona-ke okaMtimkulu namakosikazi ake amabili nendodana yake uMalambule.

E! nizizwile-ke kaloku izisusa nezigigava zokubulalwa kwomuntu omnyama.